Ukuhlomisa izingane zethu ngelikusasa

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -1 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.

Isifundo

Isihloko	IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika
Umbhalo weBhayibheli	Izenzo 1: 15–16, 20, 23, 26
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi umsebenzi weNkosi uthuthuke kanjani ngaphansi kwabaPhostoli bokuqala besikhathi sokugcina.

Isifundo esifingqiwe:

Isingeniso:

Namuhla sizokwethulelwa isifundo seBandla lobuPhostoli bamaKhatolika. Sizofunda ngalokhu:

• Igama elithi “IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika”

• UGcobo lokuqala ngoMoya oNgcwele

• Ukugcotshwa kwabasizi bomPhostoli futhi

• Ukuthuthuka okwengeziwe kulelibandla

Ingemuva:

• Ngo-1835, abaPhostoli ababizwa ngesiprofetho babusiswa (bagcotshwa).

• Ngemuva kwalokho bafinyelela kubo bonke abaholi abangokomoya nabezwe beNkolo yobuKristu.

• Babiza bonke abefundisi abavela kwamanye amahlelo obuKhristu ukuthi balandele abaPhostoli kepha abanye abefundisi abasamukelanga isimemo.

• Lawo mabandla avuma umsebenzi wabaPhostoli asebenzisa igama elithi IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika.

Okuqukethwe:

Igama elithi “IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika”

• Igama elithi Khatolika livela egameni lesiGreki elithi *"katholikos"* elisho ukuthi "wonke" noma "jikelele" - emhlabeni jikelele.

• UbuPhostoli obuhlobene nabaPhostoli.

UGcobo lokuqala ngoMoya oNgcwele

• UGcobo lokuqala ngoMoya oNgcwele kwenziwa ngumPhostoli Cardale wase London, eNgilandi kanye nomPhostoli uCarlyle eFrankfurt, eJalimane.

• Njenganamuhla, abaPhostoli, benza lesi senzo ngokuthandaza nokubeka izandla phezu kwabakholwayo.

• KODWA, ngaleso sikhathi, bekufanele ube neminyaka engamashumi amabili futhi wawugcotshwa nangowoyela ongcwelisiwe.

Ukugcotshwa kwabasizi babaPhostoli

• Umsebenzi kaNkulunkulu wasabalala futhi kwakunzima kubaPhostoli ukuba babhekane nomsebenzi wabo.

• Abazange bagcobe abanye abaPhostoli njengoba babecabanga ukuthi kufanele kube nabaPhostoli abayishumi nambili kuphela.

• Banquma ukugcoba abasizi, abaziwa ngokuthi (Coadjutor) abahlanganisi (lithathelwe kugama lesiLatini elisho abasizi noma abancedisi).

• Ngokugunyazwe ngumPhostoli, umSizi wayengaqhuba izenzo zoGcobo ngoMoya oNgcwele kanye nokuGcotshwa kwezisebenzi.

Ukuthuthuka okwengeziwe ebandleni

• AbaPhostoli banquma ukuthi kufanele kube khona kuphela inani labaPhostoli abayishumi nambili esikhathini sokugcina, kuze kube isikhathi sokubuya kukaKristu, njengoba ngesikhathi sikaJesu futhi kwakukhona abaPhostoli abayishumi nambili kuphela.

• Ngakho-ke lapho umPhostoli efa kwakukhona igebe.

• ENcwadini yeZenzo kuyashiwo ukuthi legebe- embuthanweni wabaPhostoli abayishumi nambili abamiswa nguJesu – okwadalwa ukufa kukaJudas Iscariot kwagcwaliswa ngokubizwa kukaMathias. UBarnaba noSawulu (uPaul) ababengabaPhostoli abengeziwe.

Izenzo 1: 15–16, 20, 23, 26:

“Ngaleyo mihla uPetru wasukuma phakathi kwabazalwane, isixuku sabantu esasikhona ndawonye kwakungathi ikhulu namashumi amabili, wathi: Madoda, bazalwane, kwakumele uMoya oNgcwele awukhulumayo ngaphambili ngomlomo kaDavide ngoJuda owayengumholi kulabo ababamba uJesu. Ngokuba kulotshiwe eNcwadini yamaHubo ukuthi: Umuzi wakhe mawube yihlane, kungabikho ohlala kuwo, nokuthi: Isikhundla sakhe asithathwe ngomunye. Base bemisa ababili, uJosefa othiwa uBarsaba, othiwa futhi uJustu, kanye noMathiya. Base bebenzela inkatho; yadla uMathiya; wabalwa kanye nabaPhostoli abayishumi nanye”.

• AbaPhostoli abasele besikhathi sokugcina kwadingeka ukuba bathathe izibopho zalabo asebadlule emhlabeni.

• Kwakukhona ukubizwa okungokwesiprofetho kwabanye abaPhostoli abengeziwe kodwa lokhu kwenqatshwa ngabanye.

• Ngo-1901 u-F. V. Woodhouse, owokugcina wabaPhostoli abayishumi nambili bokuqala besikhathi sokugcina, washona.

• Babengasekho abanye abaPhostoli ukwenza izenzo zoGcobo lukaMoya oNgcwele noma ukugcotshelwa ubusebenzi eBandleni lobuPhostoli bamaKhatolika.

Isiphetho:

• AbaPhostoli besikhathi sokugcina babelindele ukuthi uJesu uzobuya esikhathini sabo.

• Abazange bagcobe abanye abaPhostoli abangezekile kunabayishumi nambili bokuqala.

• Ngenkathi umPhostoli wokugcina weBandla lobuPhostoli bamaKhatholika eshona, inkonzo ayikwazanga ukufeza injongo yayo.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• Amakholwa weBandla loBuphostoli bamaKhatolika lamukela lavuma isikhonzo sobuPhostoli.

• AbaPhostoli babekholelwa ukuthi kufanele kube nabaPhostoli abayishumi nambili kuphela kuze kube sekubuyeni kukaKristu.

• Abazange bakwamukele ukubizwa kwabaPhostoli abengeziwe ngisho noma sekuvele iziprofetho zokungezwa kwabaPhostoli.

• Umuntu othwele isikhonzo uyafa, hhayi isikhonzo ngokwaso uqobo. Isikhonzo sikhona ukuze umsebenzi kaNkulunkulu uqhubeke nokulungiselela abantwana bakaNkulunkulu ukubuya kwaKhe.

Ingabe bowazi na?

1. *IBandla lobuPhostoli bamaKhatolika alikaze lenzelwe ukuba yibandla elisha. Ngokubizwa kwabo ngokwesiprofetho, babecabanga ukuthi wonke amasonto obuKristu azolandela abaPhostoli.*

2. *Kwakukhona umprofethi, uGeyer owathola iziprofetho ukuthi kufanele kubizwe abanye abaPhostoli.*

3. *Owokugcina wabaPhostoli besikhathi sokugcina weBandla lobuPhostoli bamaKhatolika washona ngo-1901. Wayengu-Apostle Woodhouse futhi wayeneminyaka engama-96 ngaleso sikhathi.*

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes